

# ISITHANGAMI SAKWA-SARS SOSIZO LWE-INTHANETHI SIYA KWENYE INDAWO

**Pretoria, ngoMsombuluko 8 kuMbasa 2019** – Abakwa-SARS bazofudukela esithangamini esisha sokwethula usizo lwabo lwe-inthanethi ngenyanga kaMbasa 2019.

Lesi sithangami esisha futhi esithembekile sinobuchwepheshe bakamuva ezimakethe, kanti futhi sibandakanya nokuvuselela izinhlelo zekhompyutha i-hardware ne-software yakwa-SARS.

Lena yingxenye yentuthuko yethu yokuguqukela kudijithali, okulindeleke ukuthi ize nenqwaba yezisombululo ezintsha ukuze kwesekwe umyalelo wethu wokwenza ukuthobela kwabakhokhintela bathu kube lula futhi kuphephe.

Lokhu kufuduka kulindeleke ukuba kwenzeka ngoLwesihlanu mhla ziyi-12 kuMbasa kusukela ngehora le-17:00 kuya kuLwesibili, mhla ziyi-16 kuMbasa 2019 ngehora le-06:00.

Ngesikhathi sokufuduka, lezi zinhlelo zakwa-SARS ezilandelayo zizophazamiseka:

- SARS eFiling kanye ne-SARS eFiling app (kubandakanya ukubhalisa, ukuthumela amaphepha entela, ukukhokha kanjalo nokusebenza kohlelo lokufaka amadokhumenti ngekhompyutha)
- e@syFile™ Employer (kubandakanya ukusebenza kohlelo lokufaka amadokhumenti esekelayo oMnyango wokuThelisa)
- Isizindalwazi sakwa-SARS

Isango lokuxhumanisa uhlelokhumano i-Customs Electronic Data Interchange (EDI), okuyimigudu yekhompyutha esetshenziswa kakhulu amakhasimende oMnyango wokuThelisa ukuxhumana nabakwa-SARS, angeke lithikamezeke.

Amakhasimende akwa-SARS ayakhuthazwa ukuba aqedele wonke amathransekushini kulezi zinhlelo ngaphambi kokufuduka. Kodwa-ke, amathransekushini aphuthumayo kumele enziwe ngalesi sikhathi angenziwa ngesandla egatsheni lwakwa-SARS lentela, lomnyango wokuthelisa noma lentela yempahla ngezikhathi zokusebenza ezijwayelekile.

Ngemibuzo xhumana ne- [sarsmedia@sars.gov.za](mailto:sarsmedia@sars.gov.za) noma ushayele uSandile Memela kule nombolo 082 800 3750.